

*Okweshumi kanye
Nemnikelo Yokuzila*



*“Lethani konke okweshumi endlini
yokugcina,. . . futhi nikhombise
ngazo kimi, yakhuluma iNkosi
yamakhosi, uma ngingavuli
amafasitela wezulu, futhi ngininikeze
isibusiso, lapho kungezikuba
nesikhala esanele ukuba nisithole.”*

uMalakhi 3:10

uBaba wakho waseZulwini uyakuthanda futhi ufuna ukukubusisa ngezinto zonke empilweni yakho. Imiyalelo Ayinikezela ngabaprofethi Bakhe izakusiza ukuba uphile impilo enenjabulo. Umyalelo wokukhokha okweshumi, owabuyiswa nguMprofethi uJoseph Smith, ukunikeza ithuba lokuba uzibandakanye ekwakheni umbuso kaNkulunkulu emhlabeni. Ukulalela lomyalelo kuyisidingo sokubhabhadiswa eBandleni likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina.

*Izibusiso ezinkulu
zithenjisiwe kulabo
abalalela lomyalelo
wokukhokha
okweshumi.*

Yini Okweshumi?

Okweshumi kuwumnikelo wokunye-okweshumi kweholo lomuntu kwiBandla likaNkulunkulu. Lomyalelo wawaziwa kusukela esikhathini seTestamente Eli-dala. uMprofethi uMalakhi wafundisa ngokubaluleka kokweshumi kanye nezibusiso lezo eziza ngokulalela lomthetho.

“Lethani konke okweshumi endlini yokugcina, . . . futhi nikhombise ngazo kimi, yakhuluma iNkosi yamakhozi, uma Ngingavuli amafasitela wezulu, futhi ngininikeze isibusiso, lapho kungezikuba nesikhala esanele ukuba nisithole.” (uMalakhi 3:10).

Ngo 1838 iNkosi yabuyisa lomyalelo ngoMprofethi uJoseph Smith:

“Abantu bami . . . bazakukhokha okunye-okweshumi kuyonke inzuzo yabo njalo ngonyaka; futhi lokhu kuzakuba ngumthetho omisiwe kubo ingunaphakade” (Imfundiso kanye Nezivumelwano 119:3–4). *Inzuzo* izwisiswa ngokuthiwa uholo.

Okweshumi kwakho kungcwele eNkosini, futhi uhlonipha Yena ngokukhokha okweshumi. Ukukhokha okweshumi kukhombisa ukholo lwakho kuNkulunkulu kanye nomsebenzi Wakhe.

Yingani Kumele Ngikhokhe Okweshumi?

Konke okuhle empilweni yakho kuyisipho esivela kuBaba wakho waseZulwini onothando. Uma unikeza iphesenthi eyishumi ngokuphindisela Kuye, ukhombisa uthando lwakho, ukholo, kanye nokubonga. Ubonisa uNkulunkulu ukuthi uzakulandela Yena noma kungahle kubenzima; ukhombisa Yena ukuthi uzakuthembela Kuye kunokukholelwa emalini noma ezintweni zomhlaba. Ngenxa yokholo lwakho, uBaba wakho waseZulwini uthembisa izibusiso lezo ezingaphezulu kakhulu kunomayiphi into oyiyekelayo.





Noma abanye abantu banobunzima ekukholelweni ukuthi bangakwazi ukunikezela okunye okweshumi komholo wabo, abakhokhi okweshumi ngokuphelele bayafunda ukuthi abakwazi ukuhlala bengakhokhi okweshumi. Ngendlela yangempela futhi enhle , amafasitela wezulu avulekile, futhi izibusiso ziyathelwa phezu kwabo. Njengomunye wabafelokazi echazela indodana yakhe, “ Angeke [nginikhulise zingane] ngaphandle kwezibusiso zeNkosi, futhi ngizithole lezozibusiso ngokukhokha okweshumi ngokweqiniso. Uma ngikhokha okweshumi, Nginethemba elivela eNkosini lokuba uzasibusisa, futhi kumele sibenazo lezozibusiso uma sifuna ukuzwana” (Dallin H. Oaks, *Ensign*, uMeyi 1994, 33).

Amandla womoya avela ngokuthembela eNkosini. Njengoba sibhekana nezivivinyo ezinzima zomhlaba, kumele sibe nokholo olukhulu, ugqozu, kanye nesibindi. Lezibusiso zingathelwa ngaphandle kwamafasitela wezulu ngenxa yokulalela umthetho wokweshumi.

*U*kukhokha

okweshumi kukhombisa

ukholo kuJesu Kristu.

Njengoba uthembela

Kuye, uzakuthola

umandla, ukuholwa,

kanye nosizo olidingayo

empilweni yakho.



Ekungezeni, abantu abaningi bathola ukuthi ngenxa yokubangabakhokhi okweshumi ngokweqiniso bazithola bekwazi ukuphatha kahle izimali zabo kanye nokuhlangabezana nezidingo zabo. Ukukhokha kwethu okweshumi kusifundisa ukuba sikwazi ukuphatha kahle izifiso zezinto zasemhlabeni futhi sibemsula kulabo abaseduzane nathi. Sifunda ukuba sikholwe ukuthi lokho esinikezwe kona, ngezibusiso ezivela eNkosini kanye nokuzimisela ngamandla ethu, kulingene izidingo zethu.

Noma uholo lwakho lungakanani, uzakubusiswa ngokukhokha okweshumi. Ngenkathi uJesu ebona owesifazane efaka imali embalwa endaweni yethempeli okubekwa kuyo imali, Watshela abalendeli bakhe, Lona owumfelokazi ufake okuningi, okudlula nina nonke enikufakile endaweni yokugcina imali: kubobonke abafakile ngobuningi babo; kepha yena. . .ufakile konke anako” (uMarku 12:43–44).

Izimali Zokweshumi Zisetshenziswa Kanjani?

Okweshumi umthetho wezemali weNkosi ngeBandla Lakhe. Iminikelo yokweshumi isetshenziswa njalo ngenjongo yeNkosi, leyo ayiveza kumkhandlu wezisebenzi Zakhe. Ezinye zalemisebenzi:

- Ukwakhwa kanye nokunakekela amathempeli, izindlu zokukhonza, futhi nezinye zamabhilidi eBandla.
- Ukuxhasa imisebenzi kanye nezimiso zamaBandla wesifundazwe.
- Ukuxhasa izinhlelo zeBandla, kanye nemfundo futhi nocwaningo lomlando womndeni.

Okweshumi kukhokhelwa ngasese, futhi ulwazi ngeminikelo lufihliwe ngokuthembekile.



Ukuzila kanye Neminikelo Yokuzila

Ekungezeni ngokukhokha okweshumi, siyaliwe ukuba sinikeze izinto zethu ukusiza abampofu kanye nabaswele. Indlela eyodwa yokwenza lokhu ukuzila futhi nokungathathi ukudla kanye neziphuzo, izidlo ezimbili ezilandelanayo. iNkosi yabuyisa umthetho wokuzila ngoMprofethi uJoseph Smith, futhi iBandla libeka iSonto elinye enyangeni njengosuku lokuzila. Ukuzila, okwakuwuphawu njalo lwebandla langeqiniso, kuyithuba lokuvuselela umoya kanye nokusondela eduzane noBaba wethu waseZulwini.

Njengengxenye yokuzila, amalungu eBandla anikela ngomnikelo wokuzila ukunakekela abapomfu kanye nabaswele. Lomnikelo okungenani kumele kube yizidlo ezimbili ezingadliwanga ngamalungu eBandla ngenkathi azilile. Lezimali zisetshenziselwa ukunikela ngokudla, indawo yokuhlala, kanye nezinye zezidingo zabantu abaswele, lapha kanye nakumhlaba wonke.

Alikho inani elibekelwe umnikelo wokuzila.

Njengoba unikezela ngesihle kulesikhwama, uzakubusiswa ngokomoya kanye nokwesikhashana ngesifiso sakho sokusiza abanye.





ISIFUNDO ESINGEZIWE

Imibuzo elandelayo kanye nemibhalo yezenkolo ingakusiza ukwazi ukufunda kabanzi ngemithetho kulephamflethi. Imibhalo engezansi futhi nemibhalo engcwele eqhathanisiwe izakukhombisa imigqa engeziwe kanye nezinto ezingasetshe-nziswa ngalemithetho.

Yingani okweshuni kubalulekile?

Leviticus 27:30 (iBhayibheli, iTestamente Elidala)

uLuka 12:16–21 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

Iziphi izibusiso ezivela ngokukhokha okweshumi?

uMalakhi 3:8–12 (iBhayibheli; iTestamente Elidala; bona futhi 3 Nifayi 24:8–12, iNcwadi kaMomoni, ikhasi 571)

uMatewu 6:31–33 (iBhayibheli, iTestamente Elisha; bona futhi 3 Nifayi 13:31–33, iNcwadi kaMomoni, ikhasi 548)

“Okweshumi,” *Ukholo eQinisweni* (Abafundisi bezenkolo noma amalungu weBandla angakusiza uthole enye yalezi-ncwadi. Ungaphinda uyithole ku www.mormon.org.)

Ngingasiza Kanjani abampofu kanye nabaswele?

uLzaya 58:6–7 (iBhayibheli, iTestamente Elidala)

uMatewu 19:21 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

uMozaya 4:26 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 184)

Ngingenzani?

- Qhubeka ufunde iNcwadi kaMomoni.

Ukufunda okucatshangiwe: _____



- Qala ngokukhokha okweshumi ngokuphelele. Thandazela ukuthola usizo ukuze ugcine lomyalelo.

- Iya enkonzweni kuleliSonto.

- Qhubeka ngokuzilungiselela ukuyobhabhadiswa.

Usuku lokubhabhadisa: _____

- Vakashela e www.mormon.org ukuba ufunde kabanzi ngokubuyiswa kwevangeli lika Jesu Kristu.

- Qhubeka uhlanganyele nabafundisi bezenkolo ufunde kabanzi ngeqiniso uNkulunkulu alibuyisile ngabaprofethi bezinsuku zamanje.

Isikhathi sokuhlangenyela esibikiwe ngokuzayo: _____

Amagama kanye nezinombolo zocingo zabafundisi bezenkolo:

IBANDLA LIKA
JESU KRISTU
LABANGCWELE
BEZINSUKU ZOKUGCINA

www.mormon.org

Isithombe Esinconywe

Isamukelo: umningwane ovela ku *Kristu kanye Nosemcane Oyisicebi Esibusayo*, ngu Heinrich Hofmann, Courtesy C. Harrison Conroy Co., Inc.
Ikhasi 8, umningwane ovela ku *Konke Ayenako*, ngu Simon Dewey. © Simon Dewey
Amakhasi 5, 6, 11, 13, 14 ngu Craig Diamond

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Ubhalwe eUSA Isingisi esivunyelwe: 2/06.
Ukuhumusha okuvunyelwe: 2/06. Ukuhumusha kwe *Tithing and Fast Offerings*. Zulu. 01199 783

ZULU



4 0201199783 4

01199 783